

## Uthando Oluphikelelayo



---

### NgeSabatha Ntambama

#### Kuleliviki Funda ku:

Isaya 55:1-7; Isaya 55:6-13; Isaya 58:1-12; Isaya 58:13, 14.

#### Indimana Yekhanda:

“Uma umnika olambileyo isinkwa sakho, usuthise othotshisiweyo, khona ukukhanya kwakho kuyakuphuma ebunmyameni, ukuhlwa kwakho kube njengemini” (Isaya 58:10, NKJV).

**U**mholi ebandleni lamaJuda nenkosikazi yakhe ababehlala eLincoln, Nebraska, bathola izingcingo ezibesabisayo nezibathukayo. Bathola ukuthi lezingcingo zivela kumholi weqembu laseMelika elinenzondo, i-Ku Klux Klan. Njengoba base bazi ukuthi ubani lowo, babengaya emaphoyiseni aboshwe. Kodwa bazimisela ngokwenza okwehluke kakhulu. Kuthe uma bezwa ukuthi lomuntu ukhubazekile, bamvakashela, bephethe ukudla nesishebo senkukhu! Weswela amazwi. Inzondo yakhe yancibilika ngenxa yothando lwabo. Lomndeni waqhubeka ulokhu umvakashela, bakhula ubuhlobo. Lendoda yaze yacabanga nokwamukela inkolo yobuJuda! “Akusikho lokhu kuzila engikukhethileyo yini: ukuthukulula izibopho zobubi nokuxegisa imichilo yejoka; ukukhulula abacindezelwayo nokwaphula onke amajoka na? Akusikho ukwabela abalambileyo isinkwa sakho....?” (Isaya 58:6, 7, NRSV). Lomndeni wenza ukuzila okunjalo ngokwabelana nomcindezeli olambile, ngaleyo ndlela bemkhulula ekuboshweni kwakhe yinzondo. Ake sifunde kabanzi ngalesimiso esibalulekile njengoba kubhala uIsaya.

*\*Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha likaNdasa 13.*

## Ukuthenga Ngaphandle Kwemali? (Isaya 55:1-7)

**Funda lendimana: “We nina nonke enomileyo, wozani emanzini, nani eningenamali wozani nithenge, nidle, wozani nithenge ngaphandle kwemali!” (Isaya 55:1, NEAC). Yikuphi okuphikisanayo okubonayo lapho?**

Ake sithi uthatha ukudla, ume emgaqweni edolobheni elikhulu, umemeze kwabalambile nabangenamakhaya uthi: “We, nina nonke eningenamali wozani nithenge nidle!” Kodwa bazothenga kanjani bengenamali? Kodwa uma ujobelela amagama afana nakaIsaya, uthi: “ngaphandle kwemali nangaphandle kwentengo” (Isaya 55:1, NRSV), kuzwakala kangcono. UIsaya unxusa abantu ukuba bamukele intethelelo (Isaya 55:7) ngesihle. Kodwa, igama elithi thengani ligcizelela ukuthi lokho uNkulunkulu akupha abantu ukuze bahlangabezane nezidingo nezifiso zabo, kuyigugu; ngakhoke, ukukwamukela kudinga kube khona ukushintshiselana ngokuthile okunentengo. UNkulunkulu uphana ngentethelelo ngesihle, ngaphansi kobudlelwane besivumelwano esivuselelwe nabantu baKhe, kodwa hhayi ngoba asimbizanga lutho Yena. Wasithenga ngentengo enkulu yeNceku yaKhe echaphazelwe yigazi. Nakuba siyithola ngesihle kithina, yambiza intengo eyesabekayo Yena.

**Kwakuyini intengo yokusindiswa kwethu? Bheka ku 1 Petru 1:18, 19.**

**Indlela uIsaya abuka ngayo ukusindiswa injani uma iqhathaniswa neTestamente eliSha? Efesu 2:8, 9.**

UIsaya ufingqa ivangeli eTestamenteni eliDala, kanti liyefana nalelo leTestamente eliSha. Lwalungekho usindiso “lwesivumelwano esidala” oluya ngemisebenzi, esagudluzwa “usindiso lwesivumelwano esisha” lomusa. Kusukela uNkulunkulu ethembisa ngoMkhululi kuAdamu no Eva (Gen. 3:15), beyilokhu iyinye kuphela indlela yokusindiswa: ngomusa otholakala ngokukholwa (Efesu 2:8); “ Isipho sikaNkulunkulu singukuphila okuphakade kuKrestu Jesu iNkosi yethu” (Rom. 6:23, NRSV). Kusukela kuGilgamesh wasendulo, owenza uphando olubabazekayo efuna ngeze ukuphila okuphakade, kuye kubalingisi banamhlanje abakholwa ukuthi uma umuntu efa, uyabuya azalwe ngesinye isimo, abantu bazame zonke izindlela zokusindiswa, kodwa zonke azisizi. Kungakho-nje bedinga ukwazi ngoJesu nalokho abenzela kona esiphambanweni.

**Usindiso luza ngesihle ngoba ayikho into esingayenza ukuze siluthole. Kodwa, ngaso lesi sikhathi, lungasibiza yonke into. Kusho ukuthini lokho? Bheka njengesibonelo, uMathewu 10:39, Luka 9:23, 14:26, Filipi 3:8.**

## Imicabango Ephakeme Nezindlela Eziphakeme (Isaya 55:6-13)

Usholoni uNkulunkulu ukuthi imicabango yaKhe nezindlela zaKhe iphakeme kuneyethu, “njengokuphakama kwezulu kunomhlaba” (Isaya 55:8, 9, NRSV)? Ucabanga ukuthi kusho ukuthini lokho?

---

Akubuzwa ukuthi loNkulunkulu owadala amazulu lapho ngisho nezinto ezincane, ziqukethe izimfihlakalo ezingeqondwe yizingqondo zethu, unguNkulunkulu ondlela zaKhe asikwazi nokuziphupha. Lolulwazi ngobukhulu baKhe obungako, lufanele lwenze kube lula kithina ukwamukela usizo lwaKhe ngokuzithoba. (Bheka uIsaya 57:15.)

**Funda kuIsaya 55:6-9. Kungaphansi kwasiphi isimo uNkulunkulu ekhuluma ngokuphakama kwezindlela zaKhe nemicabango yaKhe kunalokho esingase sikucabange? Uthi yini ayenzayo, leyo okunzima kangaka ukuthi siyiqonde?**

---

Kuzo zonke izimfihlo ezinkulu zendalo, ngokungangabazeki, enkulu kunazo zonke, icebo losindiso, imfihlo esiyikha phezulu-nje uma sifuna ukuyiqonda. (bheka Efesu 6:19.) Ukuthi uMdali wamazulu azehlise embathe isimo sokuthotshiswa, aphile impilo yokukhandleka nokuhlupheka, bese esifela, abe umhlatshelelo wesono, konke lokhu ukuze akwazi ukusithethelela asitshengise nomusa kuyiqiniso eliyothokozisa izidalwa zikaNkulunkulu ephakadeni. “Udaba losindiso into izingelosi ezifisa ukwazi kabanzi ngalo; iyokuba isayensi neculo labasindisiwe kuyo yonke imiyaka engenakuphela yaphakade. Akufanelekile yini ukuthi siyifundisise ngokucophelela kusemanje?... “Ngeke siqede ukufunda ngalesihloko. Ukufunda ngokuzalwa kukaKrestu, umhlatshelelo waKhe ngenxa yethu, nomsebenzi waKhe wokusilamulela kuyofundwa ngakho uma-nje kusekhona isikhathi; abantu bayobheka ezulwini elineminyaka engenakubalwa, bakhاملuke bethi: ‘Inkulu imfihlakalo yokukhonza uNkulunkulu.’ —Ellen G. White, My Life Today, p. 360.

**Ake ubuke izinto ezimbi oke wazenza: abantu obakhubekisile, amazwi ahlabayo owakhulumile, ukudumaza kwakho abanye abantu, asikhulumi nokukhuluma ngawe. Kodwa, ngoJesu, ungathethelelwa konke lokhu, ube ngophelele nolungile emehlweni kaNkulunkulu khona manje. Uma lokho kungesiyo imfihlakalo, yini-ke imfihlakalo?**

## Abangani Bokuzila (Isaya 58:1-8)

**Yikuphi “lokuzila” okukhulunywa ngakho kuIsaya 58:3?**

Kufuze ukuba ukuzila koSuku Lokubuyisana, okuyikona kuzila kuphela okuyalelwe nguNkulunkulu (Lev. 16:29, 31; Lev. 23:27-32). Lokhu kuqinisekiswa kuIsaya 58:3 ngamazwi ahambisana nakho, athi “nizithobe” okuhambisana namazwi asetshenziswe kuLevitikusi. Ukuzithoba noma ukuzihlupha okukhulunywa ngakho kwakusho izindlela ezehlukene zokuzidela, okuhlanganisa nokuzila ukudla (qhathanisa neHubo 35:13; Dan 10:2, 3, 12). Isimo soSuku Lokubuyisana luchaza umyalo kaNkulunkulu woku “Phakamisa izwi lakho njengencilongo!” (Isaya 58:1, NRSV). Loluhlobo lwencilongo lophondo lwemvu, elibizwa ngokuthi i shofar, lwalukhaliswa njengesikhumbuzo kusasele izinsuku eziyishumi ngaphambi koSuku Lokubuyisana (Lev. 23:24). Futhi, njalo ngomnyaka wamashumi amahlanu, ngoSuku Lokubuyisana, lwalumemezela ukuqala komnyaka wokukhululwa okuthiwa yiJubili (Lev. 25:9, 10; qhathanisa no Isaya 27:13).

**Funda kuIsaya 58:3-7. UNkulunkulu usolani kubo? Yini eyayingalungile ngokuzila kwabo?**

Kubonakala sengathi abantu babelindele ukunconywa nguNkulunkulu ngokuthi “bayakholwa.” Kanti, cha. Babeshaye phansi. Ukuzithiba ngoSuku Lokubuyisana kwakutshengisa ukubonga kwabo nokwethembeka kuYena ngosuku umpristi omkhulu angena ngalo phambi kukaNkulunkulu ukuhlambulula indlu engewe, kanjalo-ke abahlanze ezonweni asebethethelelwe zona vele (Levi. 16; qhathanisa nesahluko 4). Babefanele ukukwenza ngokubonga kuNkulunkulu lokhu, Yena owabasindisa ngosuku lokwahlulela, hhayi ukuthi banconywe nguNkulunkulu “ngokukholwa” “nokuzinikela” kwabo. Vele, kwakuyizono zabantu ezazingcolise indlu engewe kaNkulunkulu. Kwakudingeka ukuthi ihlanjululwe ngegazi elachitheka ngenxa yalokho abakwenzile.

**Esinye isifundo esimqoka esitholakala kulezindimana sikhomba kumehluko phakathi kokuhamba isonto-nje, nokuba umlandeli kaKrestu wangempela. Siwubona kanjani umehluko lapho? Thina ngabanye, sibhekana kanjani nengozi efana naleyo esitshelwa ngayo lapha. Sisho ukucabanga ukuthi izinkonzo zethu zifakaza ngokuthi nangempela silandela uNkulunkulu njengoba esho?**

## Ukulwa Kuziliwe (Isaya 58:1-12)

Ngemuva kwezinsuku eziyishumi likhalile icilongo elikhumbuza abantu bakaNkulunkulu ukuthi uyiNkosi yabo; ngalo loluSuku Lokubuyisana lapho ukuzithoba kwabo ngenxa yokuzidela kufuneka kutshengisa ukwethembeka kwabo kuYena njengeNkosi, umprofethi uphakamisa izwi lakhe njengecilongo, ethi bahlubukile kuNkulunkulu (Isaya 58:1).

**Funda kuIsaya 58:6-12.** Yiziphi izenzo uNkulunkulu azithatha njengezokuzidela ngempela na? Yikuphi okulukhuni kunokunye: ukungadli izikhathi ezimbalwa, noma ukusebenzisa isikhathi sakho nemali yakho wondle abangenamakhaya endaweni yakini? Singathola mthetho muni omuhle kulezenzo? Lezenzo zihlangana kanjani nenkolo yeqiniso na?

---

---

Wonke umuntu angaba ohamba isonto; noma ubani angakwenza okwenziwa enkonzweni, nalokho okuhle, ngesikhathi esifanelekile, ngendlela efanelekile. Kodwa akusikho kuphela okufunwa nguNkulunkulu lokho. Bheka impilo kaJesu. Nakuba wayethembeke kangakanani kokwasenkonzweni kwezinsuku zaKhe, ababhali bezincwadi zevangeli bagxile kakhulu phezu kwezenzo zaKhe zesihe, ukuphulukisa, ukupha abantu ukudla, nokuthethelela labo abakudingayo, ngaphezu kokugxila ezinkonzweni. UNkulunkulu ufuna ibandla, abantu, abazoshumayela iqiniso ezweni. Kodwa yini engadonsela abantu eqinisweni njengoba linjalo kuJesu: ukugcina imithetho yokudla ngendlela yempilo noma ukuvuma ukusebenzisa isikhathi sakho namandla akho usiza abasweleyo?

**Funda kuMathewu 25:40 noJakobe 1:27.** Zisitshelani?

---

---

**Bheka izibusiso kuIsaya 58 uNkulunkulu athi ziyokuza kulabo abasiza abangenalutho. Ucabanga ukuthi uNkulunkulu uthini kithina lapha? Yizithembiso zokungenelela kwezulu izimpilweni zethu uma sizenza lezi zinto, noma mhlawumbe, usitshela ngezibusiso zemvelo esizithola ngokuzinikela kwethu sisiza abanye kunokuthi sibe amagovu, sihahe, sizicabangele thina sodwa? Chaza impendulo yakho.**

## Isikhathi Okungesethu (Isaya 58:13, 14)

**Kungani uIsaya efaka iSabatha kuIsaya 58:13, 14? Lokhu kuxhumene kanjani nesimo soSuku Lokubuyisana okukhulunywe ngalo ezindimani ezingaphambili?**

---

USuku Lokubuyisana lwalufika minyaka yonke, kwakulusuku lweSabatha. Leli Sabatha lemikhosi elikhethekile lalifana neSabatha elifika njalo ngeviki ngoba wonke umsebenzi wanoma iluphi uhlobo wawungavunyelwe (Levi. 23:27-32). Ngakhoke, njengoba ayazi amaSeventh-day Adventist okuqala, umthetho wesikhathi sokuphumula soSuku Lokubuyisana sasiqala kusihlwa kube ukuhlwa okulandelayo (Levi. 23:32) usitshela ukuthi kunjalo nangeSabatha elifika ngeviki ngeviki. Ngokunjalo, nakuba kuIsaya 58:13, 14 kukhulunywa ngeSabatha lomkhosi wosuku Lokubuyisana isigijimi salo siyasebenza naseSabatheni elifika iviki ngeviki.

**Funda kuIsaya 58:13. Lifanele libe usuku olunjani iSabatha? Singalenza kanjani iSabatha lethu lifane nalelo elichazwe lapha? Futhi, uma ucabanga ngalokho okumelwe yiSabatha, kungani kufuneka libe uhlobo losuku oluchazwe kulendimana?**

---

UIsaya 58 uphathelene nezingongoma ezintathu ezinkulu: ukuzidela, isihe emphakathini, neSabatha. Zixhumene ngani? Okokuqala, zontathu zihlanganisa ukunaka uNkulunkulu, lezo zinto ezibalulekile kuYe, nokwazi ukuthi sethembele kuYena. Okwesibili, ngokuzenza zontathu, abantu balandela ubungcele ngokulingisa uNkulunkulu (bheka uLevi. 19:2), (bheka uLevi. 19:2), owathi ngesimo sikaKrestu, wazithoba (Filipi 2:8), owatshengisa isihe sokuzidela (Johane 3:16), nowayeka ukusebenza ngeSabatha ekupheleni kweviki okwadalwa ngalo (Gen. 2:2, 3; Eks. 20:11).

**Bheka okunye ukuxhumana futhi phakathi kwalezingongoma zokuzidela, isihe emphakathini, neSabatha, njengoba zichazwe kuIsaya 58: inkululeko yeSabatha emsebenzini wesonto lonke kuyisihe ebantwini ngoba ibenza baqabuleke (Eks. 23:12, Mark 2:27); uJesu watshengisa ukuthi izenzo zesihawu zifanelekile ngeSabatha (Marko 3:1-5, Johane 5:1-17); ukugcina kweSabatha kweqiniso kuletha intokozo (Isaya 58:14), njengokusiza abanye (Isaya 58:10, 11). Yini okudingeka iguquke kweyakho impilo ukuze uzizwele lezibusiso?**

## Ukujula nesifundo:

“Akekho umuntu ongenza imisebenzi yokusiza yangempela, engenakho ukuzidela. Kuphela kungempilo ephansi, yokuzidela, nokonga, ukuthi singakwazi ukufeza umsebenzi esiwubekelwe njengamanxusa kaKrestu. Ukuziqhenya nokulangazelela okwasezweni akukhishwe ezinhliziyweni zethu. Kuwo wonke umsebenzi wethu, umthetho wokungazicabangeli owabonakaliswa empilweni kaKrestu, awusebenze. Ezindongeni zezindlu zethu, izithombe, impahla yendlu, asifunde okuthi: ‘Ngenisani abampofu abalahlelwe ngaphandle, ezindlini zenu.’ Ema-wardrobe ethu asibone kubhalwe sengathi kungomunwe kaNkulunkulu, ukuthi: ‘Yembesani abahamba-ze.’ Egumbini lokudlela, etafuleni eligcwele ukudla, asibone kubhaliwe ukuthi: ‘Akusikho ukwabelana ngesinkwa sakho kwabalambileyo?’ Isaya 58:7” —Ellen G. White, *The Ministry of Healing*, p. 206.

## Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Bheka lombuzo uIsaya awubuza abantu bangesikhathi sakhe: “**Nichithelani imali yenu kulokho okungesona isinkwa, namandla enu kulokho okungasuthisi?**” (Isaya 55:2, NRSV). Zibuze, kungaziphi izindlela, uma zikhona, nathi esenza okufanayo, sisebenzela lokho okungenelisi? Kungani kulula kangaka ukubanjwa kulolugibe?
2. Uma ukuzidela, isihe emphakathini, neSabatha kwakubalulekile ngosuku Lokubuyisana ngezinsuku zikaIsaya, zisabalulekile nakuloluSuku Lokubuyisana lwesikhathi sokugcina (Dan. 8:14), kuleso sikhathi okuyokhala khona icilongo likaNkulunkulu leJubili limemezela inkululeko yokugcina ekufikeni kukaKrestu kwesibili (1 Korinte 15:52; qhathanisa noLevi. 25:9, 10)? Chaza impendulo yakho.
3. Eklasini, vulani ingxoxo ngombuzo wokugcinwa kweSabatha. Ucabanga ukuthi usho ukuthini uIsaya uma ethi “**ungahambi ngezindlela zakho ngosuku lwaMi iSabatha,**” kodwa ngaso leso sikhathi, ulibize ngokuthi intokozo (Isaya 58:13)? Singakwenza kanjani kokubili? Qaphela njalo isimo okukhulunyelwa phezu kwaso kuyena wonke uIsaya 58.

**Ngokufingqiwe:** KuIsaya 55 no 58, umprofethi unxusa abantu bakubo ukuba balahle imicabango yabo nezindlela zabo, babuyele kuNkulunkulu, obafisela intokozo engaphezu kokuba bona bezifisela. Ngomusa, uyaxolela, agcizelele ukuthi lowo oxolelwe, akabe nomusa, ngokuhambisana nomoya woSuku Lokubuyisana kanye neSabatha. Ngoba isipho sentethelelo kaNkulunkulu, uma samukelwe ngokweqiniso, siguqula inhliziyu.